IBhayibheli LaBantwana

Likulethela

Ngenkathi uNkulunkulu Edala Yonke Into





Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Byron Unger; Lazarus

Ifanekiswe ngu: Bob Davies; Tammy S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2014 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Sadalwa ngubani? IBhayibheli, izwi likaNkulunkulu, liyasitshela ngemvelaphi yomuntu. Kudala emandulo, uNkulunkulu wadala indoda yokuqala ngqa!

wayiqamba ngokuthi u-Adamu. UNkulunkulu wabumba umuntu ngomhlabathi.



Ngenkathi uNkulunkulu ephefumulela emakhaleni ka-Adamu umoya wokuphila, kanjalo umuntu waba umphefumulo ophilayo. UNkulunkulu wambeka engadini enhle kakhulu ebizwa ngokuthi i-Edene.

Ngaphambi kokuba uNkulunkulu edale u-Adamu, wadala umhlaba omuhle kakhulu ogcwele izinto ezimangazayo.



Kancane kancane uNkulunkulu wenza izintaba kanye nezinsimi, izimbali ezinuka kahle nezihlahla ezinde, izinyoni ezimabalabala kanye nezinyosi, izilwane zolwandle kanye neminnenke. Kahle kahle, uNkulunkulu wadala yonke into ekhona- konke okukhona kwadalwa Nguye.



Emandulo, ngaphambi kokuba uNkulunkulu edale yonke into, kwakungekho lutho, kukhona uNkulunkulu kuphela. Kungekho muntu, zingekho izindawo, kungekho lutho. Lutho. Kungekho kukhanya futhi bungekho nobumnyama. Kungekho phezulu kungekho phansi. Kungekho zolo kungekho ksasa. Kwakukhona uNkulunkulu ongena siqalo ongenasiphetho. UNkulunkulu bese waqala wadala!



Ekuqaleni,
uNkulunkulu
wadala izulu
nomhlaba.

Umhlaba wawuyihlane elingenalutho, kwakungubumnyama phezu kotwa.

Bese wakhuluma uNkulunkulu. “Makube khona ukukhanya”.



Kwaba khona ukukhanya. UNkulunkulu wahlukanisa ukukhanya nobumnyama. Wabiza ukukhanya ngokuthi imini; umbumnyama ngokuthi ubusuku. Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa kwaba usuku lokuqala.



Ngosuku lwesibili, uNkulunkulu wahlukanisa amanzi namanzi. Wenza amanzi aphansi kwezulu ukuba aqoqane ndawonye. Ngosuku lwesithathu uNkulunkulu wathi, “Makubonakale umhlabathi owomileyo.” Kwaba njalo.



UNkulunkulu waphinde wayala umhlaba ukuba uveze utshani, nemfino ethela imbewu, nemithi yezithelo ethela izithelo ngezinhlobo zayo.

Kwaba njalo. Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa kwaba usuku lwesithathu.



UNkulunkulu wadala ilanga nenyanga nenkanyezi eziningi engeke zabalwa muntu. Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa kwaba usuku lwesine.

Izilwane zolwandle
kanye nezinhlanzi
kanye nezinyoni
kwaba okulandelayo
kuNkulunkulu. Ngosuku
lwesihlanu wadala
imikhomo emikhulu
kanye nezinhlanzi
ezincane, iNtshe
enemilenze emide
kanye nezinyoni
ezicula kamnandi.

UNkulunkulu wadala izilwane zolwandle ukuba zibuse ulwandle ngezinhlobo zazo kanye nezinyoni ezindizayo ngezinhlobo zazo. Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa kwaba usuku lwesihlanu.

Emuva kwalokho, uNkulunkulu waphinde wathi, “Umhlaba mawuveze izilwane eziphilayo ngezinhlobo zazo...” Kwaba njalo. Kwaba khona izindlovu ezinyakazisa umhlaba, izinkawu kanye nezingwenya ezinwabuzelayo. Izindlulamithi namakati. UNkulunkulu wadala zonke izilwane ngezinhlobo zazo ngalolo suku.



Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa kwaba usuku lwesithupha.



UNkulunkulu wenza okunye futhi ngosuku lwesithupha - into ekhethekile kakhulu. Yonke into yayisilungele uMuntu. Kwakukhona ukudla ezinsimini kanye nezilwane ezizomulekelela.

Waphinde wathi uNkulunkulu, “Masenze abantu ngomfanekiso Wethu. Babuse phezu kwayo yonke into emhlabeni.” NGAKHOKE UNKULUNKULU WADALA UMUNTU NGOMFANEKISO WAKHE, NGOMFANEKISO KANKULUNKULU UMUNTU WADALWA...

UNkulunkulu wakhuluma no-Adamu. “Ungadla kuyo yonke imithi yensimu ngokuthanda kwakho kepha ungadli esihlahleni sokwazi okuhle nokubi. Uma udla kusona uyokufa nokufa.”

UJehova uNkulunkulu wathi, “Akukuhle ukuba umuntu ahlale yedwa. Ngizakumenzela umsizi onjengaye” UNkulunkulu waletha zonke izilwane zasendle nezinyoni zonke zezulu, waziyisa ku-Adamu. U-Adamu waziqamba zonke.

Kufanele ukuba wayehlakaniphe ngempela ukuze akwazi ukuziqamba zonke izilwane. Kepha kuzozonke izinyoni nezilwane zasendle, u-Adamu akatholelwanga umsizi onjengaye.

UNkulunkulu wehlisela u-Adamu ubuthongo obunzima, walala. Wayesethatha olunye lwezimbambo zakhe, wakha owesifazane ngombambo abelithathe ku-Adamu. Lowesifazane Wayekufanela ukuba umsizi wa-Adamu.



UNkulunkulu wadala yonke into ezinsukwini eziyisithupha. Bese uNkulunkulu wabusisa usuku lwesikhombisa ngokuba walenza kwaba usuku lokuphumula. Engadini yase-Edene u-Adamu kanye nonkosikazi wakhe u-Eve babejabule kakhulu belalela uNkulunkulu. UNkulunkulu wayengu Jehova umhlinzeki nomngani wabo.

Ngenkathi uNkulunkulu Edala Yonke Into

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Isahluko 1-2

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16